- Ezingadini
- Indawo engaphansi kuka 0.1 ha
- Izindleko ziphansi, izinsisa zitholakala endaweni
- Kulula ukuyinakekela, inomsebenzi omningi



Ukumbiwa kwama ecocircle ukubamazi kusukela ku 1 m kuya ku 1.5 m, ukujula 30 cm, kwengezwe ngomunye u 15 cm kuxhutshwa khina nomqhuba., ngaphambi kokubuyisea inhlabathi ixhutshwa nomqhuba noma ikhopmosi



Ieco circle esiqediwe yase ijikelezwa ngamatshe. Unxantathu oyizinkuni usebenzisela ukutshala izitshalo izikotelayo ezifana no bhintshisi notamatisi



Ieco circle emboziwe kwase kufakwa esingu 2L phakathi nendawo kwatshala izitshalo zokunonga

4.9 UKUFAKWA KWAMANYOLO KANYE NOKELIKA

Omanyolo bafakwa ngokwezingcomo zemiphumela yokuhlola komhlabathi, ufakwa duzane nezitshalo ezikhulayo kunokuba ufazwe noma ufakwe ebandeni. lokhu konga umanyolo kuphinde kwenze umanyolo ukuthi ufakwe lapho odingeka khona kuphela, okukhuphula uzinga lokusebenza kwawo. Ukelika ufakwa emahholweni noma emiseleni phezulu kwenhlabathi- lokhu kwenzelwa ukunciphisa isimuncwana enhlabathini, ukelika ungaphinde ulinyelwe ensimini noma endimeni ngaphambi kokuqalisa ukutshala ngokonga

Okudingekayo

- Imvula engaphezulu kuka 450 mm ngonyaka
- Amanzinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka 5°C
- Ubume bendawo 1.5 – 10 %
- Umhlabathi: zonke izinhlobo- kulawulwa izingcomo zemiphumela yomhlabathi

Ukwenza

- Ezingadini, emasimini
- Indaawo engaphansi kuka 0.1 ha, kuya endaweni esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha nasezindaweni ezingaphezulu kuka 2 ha
- Izindleko eziphakathi, kunciphisa ukusebenza kwenzisa kulima ngokuzisebenzisa ngendlela.
- Inomsebenzi omningi



Ukuphendulwa kuka kelika ngaphambi kokuqala ukulima ngokonga



Ukufakwa kuka kelika emiseleni ezotshwalwa ubhontshisi



Ukufakwa kuka kelika emahholweni/imigodi kusebenziswa isivalo njengsikali



Ukubekwa kuka manyolo (ibanda) bengezansi ngokuqelelana okungango 2 cm nembewu



Ukusebenzisa umshini wokutshala okhipha umnayolo nembewu ngesikhathi esisodwa



Ukukala umanyolo kuseneziswa i-teaspoon.

4.10 ZAI PITS / UKUTSHALA EMAHHOLWENI

I-zai wumgodi wokutshala ojwayele ukuvuleka kangango 20cm kuya ku 40 cm ebese ijula okungako 10cm kuya ku 20 cm .I zai ibamba imvula knaye namanzi agelezayo ivikele imbewu kanye nokulayo ekugugulekeni. Aphinde alekelele ukuhlaliseni amanzi nemisoco edingwa izitshalo. Imigosi imbiwa ngesikhathi lingani izulu. Umhlabathi osuke usimbiwe wenziwa imibundu sakujikeleza umgodi ukuze ukukhuphuke izinga lokubambeka kwamanzi emgodini. Emva kokumbiwa kwemigodi, ikomposi yezinto ezibolayo iyafakwa ngesikali esingango 600 g umgodi ngamunye ebese emva kwezimvula zokuqala emgodi ebese uyambozwa ngomhlabathi imbewu ifakwa phakathi nendawo nomgodi

Okudingayo

- Imvula engaphezulu kuka 350 mm ngonyaka
- Amazinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka 5°C
- Ubume bendawo : 1.5% -25%
- Umhlabathi zonke izinhlobo (5%-30% ubumba) kanye nokujula ukungaphezulu kuka 30 cm

Ukwenza

- Ezingandini, emasimini
- Indawo esukela ku 0.1ha kuya ku 1ha
- Izindleko ziphansi izinsiza zitholakala endaweni
- Kulula ukuyenza nokuyigcina, inomsebenzi omningi



Ama "zai pits" ezweni lase Kenya, kutshalwe ummbila wase wembozwa ukuze kukhuphuke izinga lokubambeka komswakamo nomnotho womhlabathi (sithathwe permies.com,2017)



Ama "zai pits" ensimini egugulekile, nekhomposi esilungele ukufakwa (sithathwe Chris Reij,2010)



Umbila otshalwe kuma "zai pits" ezweni lase Kenya (sithathwe Inadesforum.net)

4.11 UKULIMA NGOKONGA

Indlela yokutshala emasimini esebenzisa lemigomo:

- Ukuphazanyiswa okuncane komhlabathi, akulinywa, kuvulwa imigodi, amahholo kanye nemisele.
- Ukumbozeka komhlabathi, insalela zezitshalo zishiywa ensimini ukuze zizoba isembozo somhlathi, izitshalo zishiywa ensimini esikhathini eside ukuze zizositha izitshalo ezisaphila.
- Ukuxuba izitshalo: ukuzihlanganisa, nokuzishintshanisa ebesekekufakwa zitshalo eziyizembozo sasehlobo kanye nesasebusika

Ukulima ngokonga kuphucula impilo yomhlabathi, ukunotha kwayo, isivuno kanye nokubambeka kwamanzi enhlabathini. Kunciphise amanzi agelezayo, ukuguguleka kanye namazinga okushisa nokubanda emhlabathini. Kuphinde kunciphise ukuqhekeka nokugqisheka komhlabathi

Okudingayo

- Imvula engaphezulu kuka 350 mm ngonyaka
- Amazinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka 5°C
- Ubume bendawo: 1,5%-15%
- Umhlabathi: zonke izinhlobo (5%-35% ubumba)

Ukwenza

- Ezingadini, emasimini
- Indawo engahansi kuka 0.1 ha, indawo ephakathu kuka 0.1 kuya ku 1 ha nendawo engaphezulu kuka 2 ha
- Izindleko ziphakathi (imbewu, umanyolo, imithi) imishini yokutshala, izinsiza esisendaweni
- Inomsebenzi omningi



Izinhlobonhlobo zimishini yokutshala, MBLi(ozenza sageja) Haraka (isondo), Matracca(uyaphonsa) kanye nemishini edonswa izinkabi (knapik) ngezansi



Umgomo 1: Ukuphazamiseka okuncane komhlabathi



Ukutshala emiselni nase ma hholweni kusebenziswa igeya ezandla kanye nimishini yokutshala 'MBLi' ngale kokulima.



Umshini ondoswa uganda ganda otshwalo olwayini amabili ungalimanga.



Ukusebenzisa iHaraka –isondo. Lomshini ukwazi ukutshala izimbewu ezahlukenene, kodwa awukwazi ukufaka nomanyolo ngesikhathi esisodwa



Ukusebenzisa umshini odonswa izinkabi otshala ungalimanga.

Umgomo 2: Ukumbozeka komhlabathi



Ukumbozeka okuhle komhlabathi ngezinsalela zezitshalo



Ukwembozwa kwendima elinywe ngokonga ukuze ithole ukuvikeleka



Amanzi Agelezayo (akhanyayo) - 42 mm

Indima elinywe ngokonga enesinsalela zezitshalo. Amanzi agelezayo awanakho okungcola



Amanzi agelezayo anqolile 195 mm

Insimu elinyiwe enganzo insalela zezitshalo amanzi agelezayo anokungcola

Umgomo 3: Ukuxuba izitshalo



Indima etshalwe ummbila nezindumba olayini ngababili besondelene




Indima etshalwe ummbila nobhontshisi olayini ngababili besondelene



Izitshalo eziyizembozo sasebusika, saia, black oats, forage sorghum, kanye ne fodder radish



Izitshalo eziyizembozo sasehlobo, ujika nelnaga amabele kanye nosunhemp



Ulab-lab (dolichos)

4.12 STRIP CROPPING

i-Strip cropping indlela yokutshala lapho ezitshalo ezihlukene zitshalwa ngemicu ngokulandelana ukuvimbela ukuguguleka komhlabathi nokukhilisa izinga lothathwa kwezakha mziimba zezitshalo enhlabathini. Utshalwa kwemicu kumele kuvundle ikhontolo. i

.Izitshalo zidinga ukukhethwa ngendlela yokuthi izimpande zijule ngokuhlukana nezidingo zezakha mziimba. Ukutshala ngemicu kwezitshalo ezimisebenzi eminingi enyahlukene kuwombono omuhle. Izitshalo ezinobuhle bezolimo nezamahlathi ezifana ne pigeon pea, moringa, sesbania sesban, leuceana zisebenza kahle. Utshani obunjenge vetiver, lemon grass, napier fodder nazo zingasebenziswa kanjalo ne Rhodes- smutsfinger(imxube ye digitaria, paspalum notatum kanye netall fescue

Okudingayo

- Imvula engaohezulu kuka 350 mm ngonyaka
- Amazinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka 5°C
- Ubume bendawo: 1,5%-15%
- Umhlabathi: zonke izinhlobo (5%-35% ubumba)

Ukwenza

- Ezingadini, emasimini
- Indawo enngaohansi kuka 0.1 ha, esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha nengaohezulu kuka 2 ha
- Izindlekoziphansi (imbewu, izinsiza ezitholakala endaweni)
- Inomsebenzi omningi



Imicu yambila kanye neLucerne noma lesopdeza



Imicu yambila kanye nePaspalum ne Digitaria



Imicu yatshani phakathi nommbila phezu kwekhontolo



Imicu ye Pigeon pea/Leuceana kanye nommbila

5 UKUPHATHWA LWEZITSHALO (IZINDLELA ZOKUTSHALA, IMPILO YESITSHALO, UKWANDISWA, NOKUKHIQIZWA KWEZITHELO)


5.1 UMQHUBA WAMANZI

Umqhuba wamanzi umqhuba wezilwane ofakwe emanzini wase uqhunywa ebese uxhutshwa namanzi ngaphambi kokuthi ufuthwe ezitshalweni noma enhlabathini ezungeze izitshalo njengesengezo somnotho emhlabathini. Umqhuba wamanzi wengeza, uzinzise imisoco edingwa izitshalo ebese ifaka ixhube yezilwanyana eziliswa nezifo kanye nezilwanyana ezingadingeki

Umqhuba wamanzi ujwayele ukwenziwa ngomqhuba wezilwane(omusha, osanomcamo) njengezinkomo, izimbuzi, amahhashi, iziklabhu, kanye noqhuba wezinkukhu, kanye/noma nokhula oluhlaza satshani (isikhuthazi), iziqu zikabanana (potassium kanye nephosphate), comfreykanye nembati (izinika izitshalo izakha mzimba ezilekelela izitshalo zilwisane nezifo). Lenxube ixutshwa ngokukodwa kokodwa kokune 1:4 ngaphambi kokuba uyisebenzise

Ukwenza

- Ezingandini
- Izindawo ezingaphansi kuka 0.1 ha
- Izindleko ziphansi, izinsiza zitholakala endaweni
- Kulula kanni futhi kuyashesha ukuyenza



from: Production without Destruction



Ukuqotshwa kweziqhu zika bhanana njenge tiye eliluhlaza noma njengomqhuba wamanzi ofakwe izitshalo



Ukuqotshwa kokhula oluzofakwa emqhubeni wamanzi



Umqhuba wezilwane ozosetshenziswa njengomqhuba wamanzi owezinkukhu, izimbuzi noma izinkomo muhle kakhulu. uma umusha muhle kakhulu



Izitsha izifakwe umqhuba wamanzi kumele zimbozwe ukuze kugwemwe ukuhamba nomaoya kwemisoco ehalulekile

5.2 UKUXUBA IZITSHALO

Ukuxuba izitshalo ezingadini kubandakanya ukulamanisa izitshalo, ukutshal izitshalo ndawonye, nokutshala izitshalo ngokuthi zihambiselana kanjani. Inhloso ukuba nezitshalo eziningi ezahlukahlukenek (kufakwa ezilaphayo, ezixosha izinambuzane, nezitshalo ezinemsisebenzi eminingi) engadini yakho yemimfini kanye nalapho utshale khona izithelo uma kuvuma, utshala unyaka wonke, ukuze uqinisekise ukuthi unomthombo onempilo wokudla, uphucule indlela olawula ngayo izinambuzane, iziifo kanye nokhula uphinde unciphise amathuba okushoda kanye nokungalungi kwetshalo

Ukukhethwa kwezitshalo kuncike kulokhu:

- Ukukwazi ukuvuna ukudla engadini unyaka wonke. Lokhu kuqonde ukuthi kumele kugxilwe ezitshalweni ongakwazi ukuzivuna isikhathi eside ezifana nemfini, olettuce, spring onion kanye no leek, lokhu kwenza singaxili kakhulu ezitshalweni ezifana nama klabishi kanye no anyanisi esithatha isikhathi eside ngale kokukhiqiza ukudla.
- Izitshalo ezinezakha mzimba (Vit A) njenge mfini enamacembe aluhlaza satshani (ispinashi, mustard, rape kanye nekale-ntufesh), okherothi kanye nembuya amacembe amathanga kanye nezitshalo eziyizinongo njenge parsely
- Izitshalo ezikwazi ukuxosha izinambuzane ezinjenge coriander, garlic chives nezinye ezifana no rosemary kanye ne thyme.
- Izitshalo ezinemidumba njenge bhontshisi, u-peas kanye tenephu
- Izitshalo ezikhula minyaka yonke ezinemsebenzi eminingi ezifana nomhlonyane, lemon grass, bulbinella kanye nocomfrey
- Izimbali ezinjenge marigold kanye no -calendula

Ngaphezu kwalokhu kumele ugqikelele ukuthi awutshali izitshalo zasemndenini owodwa ndawonye ukuze unciphise ukubhebhethaka kwezifo eziwayelekile nokuncintisana ngokwemisoco. Ngalokho izitshalo ezifana notamatisi, ubrinjal, amazambane kanye no pepper akumele zitshalwe ndawonye kanjalo nezitshalo ezinacembe, klabishi, broccoli, cauliflower kanye neKale nezipinashi ngokuhlukana kwazo akumele kustshalwe ndawonye

Ukulaminisa izitshalo kufakwa nhezindlela ezimbili enye ibuka ukushintshanisa izitshalo ngokuthi ezidla kakhulu ezifana neklabishi zishintshaniswe nezitshalo ezingadli kakhulu ezifana no lettuce kuphinde indlela ejwayelekile yokulamamanisa efaka okusakhaba- okunemidumba - okunezithelo

Ama calendar okutshala asebenzisela ukuqhamuka nohla lwezitshalo ezilungele ukutshalwa endaweni ethile kubhekelelwe nesimo sezulu esishintshayo. Ngezansi sibona icalender yokutshala eyahlanganiswa ngokuthatha izimvo zabalimi basezi ndaweni Limpopo-lapho ubusika bufudmele, nehlobo lishisa kanye naba limi basezindaweni za KwaZulu Natal nase Eastern Cape lapho ubusika busuka ekupholeni buye ekubandeni . Ama calendar okutshala ajwayelekile nawo angasebenziswa

When can I plant vegetables?												
	Mrch	April	May	Jun	Jul	Aug	Sept	Oct	Nov	Too hot to plant!		
Baby marrows												
Basil												
Beetroot												
Brinjal												
Cabbage												
Carrots												
Chilli												
Green beans												
Green pepper												
Kale and other morogo e.g. amaranthus												
Lettuce												
Leeks, spring onions												
Mustard spinach												
Onions												
Parsley												
Peas												
Tomatoes												

Ukwenza

- Ezingadini, asemasimini
- Izindawo ezingaohansi kuka 0.1ha, ezisukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha, kanye nezindawo ezingaohezulu kuka 2 ha
- Izindleko ziphansi (imbewu nezitshalo), izinsiza zitholakala edaweni
- Kulula ukwenza



Mama Mcanyana (Gobizembe) – utshale ubroccoli, iChinese cabbage, ispinach, ucoriander kanye nemarigold



uMagdelina Malepe (Sedawa), utshale imarigolds, no thyme, iparsley, ispinach kanjalo ne kale



uChristina Thobejane (Sedawa) – utshale ummbila, i-okra, utamatisi, ikale kanye nemarigold



Umbhede okujwe wajula ofakwe fennel, coriander, parsley kanye nama chives



uPhumelele Hlongwane (Ezibomvini) –utshale ubeetroot, imustard spinach kanye nespring onions ne parsley








uAlex Makgopa (Sedawa)- utshale i spring onion, ispinach, izzqathi kanye nomarigold.

5.3 UKUSHINTSHANISA IZITSHALO

Ukushintshanisa zitshalo kuyindlela ebalulekile yokuphatha/ ukunakekela ingadi noma amasimu. Ukushintshanisa kwehlisa izinga lezinambuzane kanye nezifo ezakhela emhlabathi kuphinde kuzinzise izimo semisoco ephumayo emhlabathini zithuthukise nempilo yomhlabathi.

Sebenza ngesibalo zezitshalo ezintathu emasimini, Isibonelo Ummbila (udla kakhulu)ushintshaniswa nexhuba yezitshalo eziyisembozo njengo (sunnhemp, amabele, kanye no jika nelanga (ezidla kancane) nazo ezishintshwaa ngezitshalo ezinemidumba ezifana no bhontshisi, izidumba kanye nolab lab. Sebenza ngezitshalo ezintathu kuya kwezine uma ukhiqiza imifino. Enye indlela ulandelanisa embhedeni izithelo, okunamacembe, izimpande, nokusamdumb



A SIMPLE ROTATION: DIVIDE YOUR GARDEN INTO FOUR EQUAL PARTS. THE NEXT TIME YOU PLANT, MOVE EACH FAMILY OF VEGETABLES TO THE NEXT PLOT.

From: The People's Farming Workbook, EDA, 1995

5.4 IZINDLELA ZEMVELO ZOKULAWULA IZINAMBUZANE NEZIFO

Izindlela zemvelo zokulawula izinambuzane nezifo engadini yasekhaya yokukhiqiza okudla zibandakanya lezindlela ezine ezilandelayos:

- .Ukuthuthukiswa komnotho womhlabathi, impilo yomhlabathi kanye zinga lomhlabathi lokubamba amanzi ukuze kukhiqizwe izitshalo ezikhangayo ezinempilo, kususelwa ekutheni izitshalo ezingena mpilo yizo esisemathubeni okuhlaselwa izifo nezinambuzane
- Ukuxuba izitshalo nokugcina ingadi ihlanzekile ukunciphisa ukugcwala kwezinambuzane kanye nezifo ezijwayele ukuba kona uma kutshalwe isitshalo ngsasisodwa, kunjalo nathuba okuthetheleka kuphindelela ngosusa izitshalo ezihlaselekile ngendlela ephephile. Kuphinde kuqhuquzelwe nokukhona belwane ezidla izinambuzane eziluhlupho kanye nezinyosi ezidla izinambuzane ezijwayelikile zasezingadini.
- ;Ukutshalwa kwezitshalo ezinomsebenzi eminingi, ezishayo nezingashi, kufakwe nezitshalo ezikwazi ukuqhelisa izinambuzane nezikwazi ukuzilawula. Lokhu kufaka izibonelo ezinjenge:
 - Izimbali marigold kanye ne calendula
 - Amakhambi/ Izinongo lavender, rosemary, coriander, parsley, thyme, fennel, basil, rocket, lemon grass kanye ne garlic chives
 - Ezilaphayo ezifana nomhlonyane kanye ne bulbinella, inhlaba, comfrey, imbati
 - Izihlahla ezinedumba ezifana ne sesbania sesban, i-moringa, i-pigeon pea kanye ne Acacia
- Ukwenza izinxube ezikwazi ukuqhelisa izinambuzane kanye nezifo. Lapha kusethseziswa izinto zasendlini ezijwayelekile ezifana nopelepele, ugarlic, anyanisi, insipho elihlaza(ubulala kakhulu izinambuzane ezinemizimba ethambile), uparrafini kanye no anyansi(okulawula kakhulu izinambuzane ezinemizimba eqinile, kanye nogwayi ukulwisana nezinambuzane esezihluphile zasabalala kakhulu. Kepha zikhona futhi nezinye izindlela.

Ukwenza

- Ezingadini, nasemasimini
- Indawo engaphansi kuka 0.1 ha, esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha
- Izindleko ziphansi, izinsiza zitholakala endaweni
- Inomsebenzi omncane kuya kophakathi, idinga ulwazi



Indlela ehlanganisile yokunakekela ingadi, ukuphathwa kwamamanzi nomhlabathi, izitshalo ezihlukahlukene, izitshalo ezishayo nezingashi zixutshiwe ndawonye



Izilwane ezilawula izinambuzane ngokuzidla noma ukubekela amaqanda



Umbelliferae – njengo anyanisi kanye nama leek akwazi ukuhheha izilwane ezidla izinambuzane



Ilzinxube zokulawula izinambuzane- inxube yensipho, pelepele, kanye no garlic- izilwanyana ezinemizimba ethambile, inxube yaparrafini no anyanisi- ukulawula izinambuzane ezinemizimba eqinile



Marigold uvikela ezifweni ezithikameza ukukhula kwezimpande



▪ **U- Garlic – Isibonelo**

Indlela

Qoba izigaxa zibe ncane(izigaxa esikhulu esisodwa zibe mbili eziphakatho ngobukhulu) ugcwilise emafutheni aliningana namateaspoon amabili usuku olulodwa noma izinsuku ezimbili kuphalafini. Sebenzisa ujeke oyingilosi ayi ithayela.Xhuba namanzi anensipho angangohhafu welitha ebese eyasefa. Xhuba unxenye eyodwa yenxube emanzini ayizinxenye eziyishumi (1:10) ebese uyafutha. Xhukuza ngokwanele ngaphambi kokuba usebenzisa

Okuhlosiwe

Izinambuzane ezijwayelekile: mosquitoes, cotton stainers, aphids, flies, army worms, ticks, ants, beetles, caterpillars, diamondback moths, false codling moths, grubs, mites, peach borers and termites.

Fungi: Scab, mildew, bean rust and tomato blight.

Alternaria - fruit rot, early blight, purple blotch, leaf spot.

Cercospora - leaf mould, leaf spot, early blight, frog-eye.

Colletotrichum - leaf spot, anthracnose, fruit rot, smudge.

Bacteria: *Xanthomonas* spp.



Izigaxa zagarlic



Uvemvane ezigabeni zalo zokukhula



Isifo esiba kuma strawberry esidalwa *Xanthomonas campestris*



Izinkomba ze Anthracnose edalwa *Colletotrichum* ezitshalweni zondeni watamatisi

5.5 IZINDLELA EZIHLANGANISILE ZOKULAWULA UKHULA

Ukhula izitshalo ezikhula unyaka owodwa noma ezikhula ezikhathi eside ngale kokuphazamiseka, ziphinde zikhule ngamandla emasimini nasezingandini, luphinde luncintisane nezitshalo ngemisoco, indawo kanye namanzi

Izinhlobo ezihlukene zomhlabathi kanye nesimo sezulu, izindlela zokutshala kanye nezindlela zokulawula ukhula zivamise izona ezilawula ukuthi iluphi ukhula olunamandla kulezindawo. Izibonelo, zifaka inqonqodwane kanye nonqhunga oluthanda izindawo ezinombumba oluningi, lezizitshalo zingakwazi ukugcwala yonke indawo uma ukulalulwa kukhula kuwukusuza okukhula ngaphezulu kuphela, lokhu esikwenza ngegeja. Ukhula lwanda kakhulu ngezigaxa eziba ngaphansi komhlabathi

Ukhula olunolaka olukhula minyaka yonke njengocadolo knaye nembuya luvala kakhulu uma ukhula olugcinile lungakhishwanga, njengiba imbewu yazo ishesha okukhiqizeka iphinde ibekezelele izikhathi ezinde ezingena mvula

Izindlela ezihlanganisile zokulawula ukhula zifaka izinto ezahlukahlukeni ezifana nokuthuthukiswa kokwakheka komhlabathu nempilo yayo, ukwemboza, izitshalo eziyizembozo, ukulamanisa izitshalo, kanye nokutshalo usondelanise. Kuphinde kufake nezindlela ezisebenza nemishini kanye nemithi ukulawula ukhulula. Kwenza ikhopmposi nakho kuyalugqilaza ukhula uma kwenziwe ngendlela efanele, lokhu kuphinde kunciphise izinga lembewu yokhula egcwele kwemvelo. Ukulawulwa kokhula sekuhambe ishashana kutshaliwe kusiza ukunciphiseni imbewu yokhula oluvela minyaka yonke nokuyinto ebalulekile ekumele yenziwe.

Ukwenza

- Izingadi, amasimu
- Izindawo zingahansi kuka 0.1 ha indawo esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha
- , Izindleko eziphansi, izinsiza zitholakala endaweni
- kunomsebenzi ongemuningi kakhulu, kudingeka ulwazi oluningi



ngaphezulu



Indima exhutshwe ummbila nobhontshisi, lapha ukhula sevale yonke indima luhlula izitshalo



ukutshala usondelanise lapho oxube khoba izitshalo ukuze uzivikele ekuqilazweni ukhula, ngakwesokunxele ummbila ongahlakulelwanga kwesokudla indima exube izitshalo yase izisondelanisa eyatshalwa ngesikhathi esisodwa kepha kube kuhlakulwa ngendlela efanayo



Dock (ngezansi izikhomba zomhlabathi onesimuncwane, amaranthus (ngenhla kwesokunxele) umhlabathi ovundile kepha ongakhokile kahle kanjalo nacadolo (ngenhla kwesokudla) udla imisoco izitshalo ezinnaakwazi ukuvithola.



Ikhomposi iyakwazi ukubulala imbewu kanti iyindlela enhle yokubheka umqhuba ngaohambi kokuthi usebenze njengoba ikhomposi ikhuphula izinga lemisoco etholakala emqubeni



Inqonqodwane iyizinkomba zokushoda komoya emhlabathini, naenxa vokuqisheka nokunaakheki kahle kwawo umhlabathi

5.6 NURSERIES AND PROPAGATION

Ama nursery amancane akhiwe emnakhaya ukuze kukhiqizwe izitshalo (izithelo, izinongo kanye nemfino) kanye nezinye izitshalo ezinemisebenzi eyahlukahlukeni (ezilaphayo kanye nezi llwawulwa iziilwanyana ezingadingeki) kususelwa ezimmbewini ngokuhlukana kwazo kubalulekile ukuze ingadi ibe nezenhlobohlobo zezitshalo. Akudingi uze ubenemishini esezingeni eliphezulu ngaphandle nomhlabathi, nokusamhlabathi okuzotshalelwa kukho, izikhwama zokutshala kanye nezitsha zokukhulisa izithombo ezingabekwa ngaphansi kwehlahla esinomthunzi ekhaya.

Imibhede yezithombo yenziwa ijule okusukela ku30cm kuya ku 60 cm ebese ifakwa okubolayo okufana nekhomposi nomquba, kumele ibe sendaweni enethunzi ukuze imbewu ihlale iswakeme(kepha ingabi manzi) ngalesikhathi kumele iqhume iqhale nokukhula. Ama nursery asebenzisa izithombo ezisheshayo adinga okuphathwa okusezingeni kanti futhi kunzima uzenza lezitombo uma ungenazo izinsiza zazo. Kungono kanti futhi kulula ukuzikhulisela ezakho izithombo ebese uyazikhipha uzifae lapho ofisa khona uma sezilungile

Ukwenza

- Ezingandini
- Indawo engaphansi kuka 0.1ha
- Izindleko eziphakathi(imbwu, izitshalo, kanye nezitsha) izinsiza zitholakala endaweno
- Anomsebenzi omningi



Ukukhiqizwa kwezithombo imbhedeni efakwe ikhomposi yaphinde yambozwa ngopulasitiki ukuze kuvikeleke izithombo



Amanursery amancane enziwe phansi kwezihlahla ukuze kukhiqizwe izithelo. Izihlahla ezinemsebenzi eyahlukahlukeni kanye nezihlahla ezincanenamakhambi. Lapha zibona umango kanye nemoringa itshaliwe



Izakihiwe ezakihiwe ngamanethu ukuze kukhiqizwe imifini kanye nakhambi(iziningo)



Ummoba kanye nommango okhiqizelwa emhlabathini kuma nursery amancane



Nezindishi zingasebenziswa, kulula ukugudluza uphinde uzinakekele

5.7 UKONGIWA KWEMBEWU


Ukongiwa kwembewu kuyindlela abalimi abalimi abayisebenzizayo kepha eya ngokwehla. Imbewu igcinwa unyaka nonyaka kepha ngenxa yobunzima bezimo ezilima ngaphansi kwazo abantu abaningi babika ukulahlekelwa imbewu eningi okumele ngabe bayigcinile. Liyangokunyaka inani labalimi bathenga izimbewu ebese begcina izimbewu uma sekuvuniwe, okuchaza ukwehla kwezinga lokutholakala kwembewu yezitshalo zomdabu. Ukongiwa kwembewu indlela ebalulekile yokuvikela izimbewu zezitshalo zomdabu njengoba abalimi bakhetha izimbewu ezimpova evulekile (sezizulu) kunalezo zesilungu, ezikwazi ukumelana nesimo sezulu, izinambuzane kanye nezifo ezihlasela ezindaweni ebazakhele.

Izinto okumele sizigcine emqondweni uma songa izimbewu ilezi ezingezansi:

- Kubalulekile ukuququzela izilwanyana ezifafaza impova ngokutshala izinhlobonhlobo zezitshalo eziifaka izimbali uphinde ugcine ingadi kanye namasimu enezitshalo eziningi izihlukene ukuze kugcine nesidingo sokusebenzisa izibulala zinambuzane.
- Gcinaimbewu evela ezitshalweni ezikhombisa impilo kuphela, ungalinge ugcine imbewu ezivela ezitshalweni ezinezikhomba zokungakhuli kahle.
- Ketha izitshalo esiyisithuoha kuya kwezingama shumi amabili nane (6-24) ozogcna imbewu yazo
- Ungalinge ugcine imbewu evela ezitshalweni ezinezifo
- Imbewu kumele kube eseyikulungele ukuvunwa, yomela ezitshalweni isikhathi esifanele kanye
- Nezitshalo okulula ukuthi zithengane kumele ziqhelelaniswe(izibonelo, okusamfino kanye no mmbila, upepper kanye no pelepele, amathanga kanye no lettuce) ngokwendawo, iskhathi noma zifakwe ema khejini

Ukwenza

- Emasimini nasezingadini
- Indawo engaothansi kuka 0.1 ha, esukela ku0.1ha kuya ku 1 ha nezindawo ezingaphezulu kuka 2 ha
- Izindleko ziphansi, ziyatholakala endaweni
- Kulula ukwenza nokunakekela, kepha idinga umsebenzi kanye nolwazi oluthe thuthu



pollinationIngadi ekhiqiza izithombo, enesakhiwo sekheji, lapho isitshalo ngasinye zibalelwa esithupheni kuya emashumini amabili nane ukuze kugcinwe imbewu- izitshalo ezinemndeneni ehlukeni zitshalwa ngandawonye ukunciphisa izinga lokuthengana



Izimbali nezitshalo ezikhuthaza ukufafazwa kwempova yizinyosi,ama-hornets kanye namavemvane



Izilwanyana ezifafaza impova ziyazithanda izimbali ezihlukahluke



Ukufafazwa kwempova ngezandla emmbileni okuzokhethwa kuwo imbewu



izitshalo sikapelepele esifakwe ekhijini ukugcina imbewu iyiyo ingathengwanga ezinye.



5.7.1 SEED PROCESSING KANYE NOKUBEKWA

.Ngaphezu kwakho konke imbewu idinga ukuphola, ubomnyama, kanye nokoma ukuze ihlale izisimweni iskhathi eside. Uma imbewu ibekwa endaweni enesifudumezi nokushisa, iyashesha ukulahlekelwa amandla ayo okuqhuma. Ngezansiimiboo ebalulekile mayelana nokubekeka kahle kwembewu


- Isifudumezi, imbewu izomunca umswakamo emoyeni. Imbewu indinga ukubekwa endaweni enomsawkamo ongaphansi kuka 10%, eyomile engangenwa umoya
- Avoid plastic packets and containers Kwema opulasitiki kanye nezitsha ezakhiwe ngawo.
- Ukukhanya kuncphisa impilo yembewu, imbewu kumele igcinwe emabhodlelno emnyama kumbe indlini emunyama. Kudingeka kuhlale kumnyama.
- Amazinga okushisa nokubanda, imbewu ihlala iskhathi eside uma ihlel endaweni ebandayo kepha eyiqwa. Imbewu yezitshalo ezifana no cucumber, kanye no yamatisi ziyambozwa ngento esa jelly evimbela mbewu ukuba iqhume. Lo jelly kumele ususwe ngaphambi kokuba imbewu ibekwe kanye nokuqhuma kwayo. Ujelly uyavutshelwa ngokuhlakaniswa namanzi noshukela kugezweimbewu ebese iyomiswa.
- Ukuquba ukomiswa kwembewu ungasebenza isilica gel
- Ukugcinwa ngomlotha, ukelika kanye amacemebe omile agxotshiwe ezinye izitshalo ezinjenege nhlaba kuyakhuthazwa ukugwema omonakalo ongenziwa izilwanyana zihlasela uuma imbewu isibekiwe.



Ukuvutshelwa kwatamatisi kanye ne gooseberry ukuze kubekwe imbewu iphinde ikwazi ukuqhuma kahle



Uma izinga lomswakamo lehla ngo 1% impilo yebewu iyaphinda phindeka



Gcina imbewu ezitsheni ezingamabhodlela



Ukusebenziswa kuka silica ukumunca amanzi embewini kanye nomlotha okusebenziswa uma kubekwa imbewu esiyomisiwe

Indlela yokubekwa kwembewu ekhaya usebenzisa amashalofu, amaphakethe amaphepha kanye nojeke abangamabhodlela

Impilo yembewu iyaphindaphindeka uma amaznga okushisa nokubanda ezokwehliswa



Gcina imbewu endawni epholile, eyomile futhi emnyama

5.8 UKUKHIQIZWA KWEZITHELO

Ukukhiqizwa kwezithelo ezahlukahlekene ekhaya, ezizovuthwa ngezikhathi ezahlukene zonyaka kubaluleke ngokuthi ubenezinhlobo ezithelo uphinde ukwazi nokumelana nezimo ngohlukana kwazo. Izithelo ungakwazi ukuzikhiqiza ususela embewini, kanye namagatsha asikiwe, izimpande kanye nezithelo uqobo. Izihlahla zezithelo kumele zitshale inhlabathini ejulile evundile ziphinde zidinge nokuniselwa ikakhulukazi umazisencane. Zidinga ukuvikela zingalizwa umoya ziphinde zisuselwa amagaya ebusika (amapetsisi, amaplamusi kanye nama aphula) ukuze zizokwazi ukukhipha izithelo (izihlahla izihlae ziluhlaza njengezo mango nokwatapheya) Izindlela zemvelo zingasebenziswa ukulawula izinambuzane ezifana ne nezimpukane zizithelo, izintuthane, aphids kanye nama scale) kanye nezifo.

Izinhlobo ezihlukene zezithelo zenza kahle ezindaweni ezihlukene. Ikakhulu, lezi izindinga ubusika obubandayo (sub tropical fruit) njema aphula, amapheya, amaplamusi, amapetsisi kanye nelezi zingakwazi ukubekezelela ubusika obubandayo njengo bana, mango, ukwatapheya kanye nama litchi. Okusa olintshi kukwazi ukumela nezimo zokushisa nokubanda ezihlukahlukene, kepha kumele zinisekele kahle

Ukwenza

- Ezingadini noma engadini yezithelo
- Indawo engahansi kuka 0.1 ha indawo esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha kanye enzindawo ezingaphezulu kuka 1 ha.
- Izindleko eziphakathi (imbewu nezitshalo) izinsiza zitholakala endaweni
- Inomsebenzi kuphinde kudingeke ulwazi



Izindlela zemvelo ezifana ne pyrethrum, mineral oil, lime sulphur. Ukusebenziswa kwapowder wezimpane uma kukhiwa amagaya okutshalwa



Ukuniselwa kwezihlahla zama orange, ezindishini ezibamba amanzi



Utamatisi wesihlahla okhiqizwe kususelwa embewini uba nomsoco uVit C omningi uphinde uthole phakathi kuka March kuya ku May ngesikhathi zezinincipha ezinye izithelo



Ukukhiqizwa kususelwa embewini kwa; granadilla, kwatapheya, umango, gooseberries, kanye no tamatisi wesihlahla



Ukusebenza kwemibundu kanye nezindishi ukuseenza amanzi emvula ezihlahleni.



Indela yase khaya yokubamba izinambuzane izhlasela izihlahlazezithelo ezifana nepukane yezithelo eyenziwa ngokufaka ama rrinag noshukela emanzini



Ukutshalwa kwezihlahla imigodini ejulile egcwaliswe ngekomposi kwaze kuba nesakiwo esisandishi sokubamba amanzi uma kuniselwa sase sembozwa

5.9 ORGANIC MANGO PRODUCTION

.Umango uyabekezela wenza kahle ezindaweni ezinobusika obuphakathi nase zindaweni ezifudumele kuya kweshisa kakhulu ehlobo. Kukhona nezhlobo zikamango ezikhulula endle ezingakwazi ukukhuliswa kususelwa embewini. Izinhlobo zesimanje zikhuliselwa ukuba nkulu, zibe noshukela omningi zingabi nezintambo ngokushikwa kwenxenye yamagatsha elumbaniswa nenxenye yokusazi mpande okuphilile okungenazimpawu zokungaphili. Izibonelo ezijwayelekile zifaka keit, kent, shelley kanye ne tommy atkins. Lezizinhlobo zidayoswa njengezithelo, amajuzi kanye no mango owomisiwe nezikhumba zikamango

Ngezansi izindlela ezimbalwa zokuzikhulisela umango:

- Enza ikhomposi okungenani izinyanga ezine kuya kweziyisithupha ngaphambi kokuba utshale
- Ukusthalwa kwezihlahla ezisanda kutholakala entwasa hlobo emigodini engu 60 cm* 60 cm egcwaliswe ikhomposi, inhlabathi kanye nokelika noma ibone meal. Akha indishi yokunisela uzungeze isihlahla ebese uyamboza
- Ikhoposi ifakwa minyaka yonke, emva kokuthi isihlahla sithele
- Ukususelwa kwesihlahla amagaya kweniwa minyaka yonke emva kokuthi isihlahla sesithelile, ukuze isihlahla zivuleleke nezithelo zikwazi ukuthola ilanga kanti
- Nezihlahla ezisencane zidinga amanzi angango 20 l- 40 l ngesonto.

Okudingayo

- Imvula engaphezulu kuka 350 mmngonyaka
- Amazinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka >5°C
- Ubume bendawo- indawo ezinzile
- Umhlabathi : noma onjani
- Ukunisela- uyadinga ukuba namanzi okunisela

Ukwenza

- Ezingadini, Ezingadini zezithelo
- Indawo engaphanzi kuka 0.1 ha indawo esukela ku 0.1ha kuya ku 1 ha.
- Izindleko eziphakathi, izinsiza ezithola ngaphandle kwazendaweni nangaohakathi endaweni, nokutholakala kwezihlobo ezintsha
- Kulula okunakekela nakuba kudingeka ikhono nolwazi



Ukwengezwa ngokubungakho ngokwenza ama juzi, nokomiswa kuka mango



Isihlahla sika mango esisikelwa amagaya esesinezikhomba sokukhula okusha, ikhomposi ifakwe endishi yokunisela kwase kwembozwa



Ingadi yesithelo yomlimi omcane endaweni yase Limpopo, lapho uphaathi wengadi ezithelo eyihlola



Ukusikwa kwamagaya, ukufakwa kwekhomposi kanye nokunisela okwenziwe esihlahleni esidala sika mango ukuze siphinde sikwazi ukukhiqize futhi.

6 UKUBANDAKANYWA KWEMFUYO

Lezi izindlela zokuphathwa kwemfuyo ezingenelela ezitshalweni noma eziyi nxenye yokuzama ukuhlanganisa ukuphathwa kwemfuyo kanye nokwezitshalo ukuze kukwazi ukusebenzisana. Lapha zisobheka izindlela ezingasi siza sikhuphule siphinde siphucule ukudla kwemfuyo kanye nezinhlobo ezahlukene zokudla kwemfuyo

6.1 EZOLIMO EZIBADNAKANYA EZAMAHATHI

Izihlahla zixhutshwa emasimini ngezindlela eziningi okungaba okutshalwa zodwa, , noma zitshalwe phakathi kwezitshalo ezikhula minyaka yonke(ngokujwayelekile zivame ukuba imihhube phakathi kwezitshalo). Izinhlobo zezihlahla eziwukudla kwemfuyo njenge pigeon pea- (udali), acacia species(umhlalankwazi), Sesbani, sesbani (umsokoko), Moringa olifeara kanye ne leauceana spp zonke zijwayekile

Okudingayo

- Imvula engaphezulu kuka 350 mmm ngonyaka
- Amazinga okushisa nokubanda angaphezulu kuka 5°C
- Ubume bendawo: 1,5-15%
- Zonke izinhlobo



Izibonelo zokutshalwa kwezihlahla ngezihlahla ezihlukene endaweni onayo

Ukwenza

- Ezingadini nasemasimini
- Indawo engaphansi kuka 0.1 ha indawo esukela kuc0.1h akuya ku 1ha nendawo engaphezulu kuka 2 ha
- Izindleko eziphakathi (imbewu/ okutshala) izinsika zitholakala endaweni
- Kunomsebenzi



Isihlahla sika sesbania sikhula njengo hesho ensimini



Izimbuzi zidla lapho kuthalwe khona udali



izihlahla zemoringa zitshalwe zalandelana ensimini



Leaucena tshalwe sa heshi ensimini etshalwe ubhontshisi (ngapahmbili) knaye nommbila (ngemuva)

6.2 EZOLIMO EZIBANDAKANYA (IZIHLAHLA, IZITSHALO KANYE NOTSHANI NDAWONYE)

Lendlela ibandakanya ukusebenziswa kwezolimo oluxhutshwe nezemahlathi kanye nezolimo, fukakwa izitshalo kanye nezihlahla zezithelo ngenhloso yokukhuphula ozokuzuka endaweni onayo. Izindlela zokwenza ezitholakala kule ndlela yokwenza ilezi:

- iAlley cropping- lapho kutshalwa izitshalo esizakhuni njengohheshi okanye izinhlobo zezitshalo phakathi nednadwo nezi tshalo ezitshalwe sahheshi
- Ukuphucula izinga noma kungatshaliwe- izitshalo ezisakhuni ziyatshalwa bese zishiywa uma ngabe sekungasatshaliwe. Lezi zithalo ezisakhuni yizo eziphucula izinga lomnotho emmhlabathini ziphinde zikhuphule nezinga lokubambeka kwamanzi.
- Ezingadini esisemakhaya, izihlahla ezisondelene ezihyanayo ngobude zitshalwa zizungeze ikhaya ezinemisebenzi eyahlukene ebandakanya ithunzi, amakhambi, izithelo, kanye nokudla kwefuyo
- Izihlahla ezinemisebenzi eminingi endaweni etshaliwe: izihlahla eziqeqene noma eziqoqelene ndawonye ukuze zime ngendlela ethile ezindaweni ezizungezile zoma ezivulekile. Lezi zihlahla zikhethwa ngokufaka kwazo isikhuthazi kanye nokuletha izithelo, izinkuni zokubasa kanye nokudla kwemfuyo

Ukwenza

- Ezingadini, emasimini, nemfuyo
- Indawo engaphansi kuka 0.1 ha, indawo ephakathi kuka 0.1 ha kuya ku 1ha indawo engaphezulu kuka 1 ha
- Izindleko eziphakathi (imbewu nezitshalo) izinsiza zitholakala endaweni
- Udinga ulwazi kanti iyasebenzisa



Utshani bohlobo isesbania sesban-butshalwe ngohlelo lwe Alley cropping endawweni yakwa KwaZulu NAtala



Umbila utshalwe emuva kweminyaka emibili kwakukade kutshalwe udali




Izihlahla ezincane ezinemidumba ezitshalwe emadlweni ukuze imfuyo ikwazi ukudla



Indlela ephucukile yokulalisa insimu-udali otshalwe unyaka owodwa kwase kwangatshalwa lutho emuva kwawo



Ingadi yasekhaya endaweni yakwa Mhlabayalingana,, KwaZulu Natal: Inxube yezihlahla zezithelo,, imifino kanye nezitshalo



Amadlelo atshalwe phakathi nezihlahal engadini yezihlahla zama kinati ukuze imfuyo ikwazi ukudla iphinde ithola nethunzi

6.3 UKULUNGISELELA AMANKONYANA UKUKHUNYULWA KONINA KANYE NOKWENGEZA UKUDLA

Ukwengezwa kokudla indlela ebalulekile ekuphathweni kwefuyo esebenziselwa ukunikiza imfuyo imisoco eyidingayo amadlelo angasenayo. Loku kubaluleke kakhulu ebusika, lapho sekushoda khona ukudla emadlelweni noma madlelo esengena msoco. Izindlela zokwengeza ukudla ilezi

- Ukudla okunesakhamzimba iprotein iziwukudla okanye amanzi njenge Voermol Premix 450 (esampuphu) kanye ne LS 33 (engamanzi)
- Okusahlamvu kanye nembewu njengo mmbila ogqakaaaziwe, amabele njalo njalo
- Izitini zimisoco kanye nezakhamzimba zemfuyo

Ukwengeza kungaphinde kube ngendlela yokutshalwa kotshani obungu kula kwemfuyo. Lokhu kufaka ukukhuliswa kwezitshalo ezinomspco ongaphezulu kwalowo ukungaba ukhona ngalesosikhathi. Iningi lalezitshalo litshalelwa ukunikeza ukudla okuseluhlaza ngasekupheleni kobusika. Izibonelo zifaka: Lucerne, fodder rye, black saia oats, vetch, teff, fodder radish, Japanese radish, kale, turnips. Izinhlobo zotshani ezingashi noma ngabe isebusika zifaja ukikuyu, kanye ne tall fescue nayo iwumqondo omuhle

Ukuphakela kancane kancane kuyindlela elula yokuphatha imfuyo yakho ikhakhlu amankonyane ukuze athole ukudle ngokungena mkhawulo ngalesikhathi esancela. Amankonyane athola lokhu kudla ngokuncusha phansi kocingo oluvulekile noma isango elivuleke ngokwanele ukuthi amankonyane akawazi ukudla kepha amabe mancane ezinkomeni ezincane zingakwazi ukungena

Ukwenza

- Imfuyo
- Indawo engaphansi kuka 0.1 ha noma indawo esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha
- Izindleko ziphakathi, izinsiza zitholakala endaweni
- inde udinge nolwazi




Izitini zokudla kwemfuyo zokuzenzela ezifakwe imolasses, urea protein meal, isakamzimba esingu phosphorus, amamanzi ucembe omncane kanye nosawoti



Isibonelo sendlela yokuphakela amankonyane emapulazini amakhuluse creep feeder



Ukudla kwemfuyo okwenziwe ngamacembe sesbania eyomisiwe, agqotshwa kwafakwa umgqakazo wommbila kanye nosawoti



Japanese radish



LS 33 and premix 450



Izitshalo okwendulelliswe ngazo ivetch kanye ne saia oats lapho kutshalwe khona ummbila ukuze imfuyo ithole ukudla kwasebusika

6.4. Ukuphakelwa kwemfuyo ezibayeni nokwenziwa kwamabhele

Lendlela iyindlela yokusika nokubbhekwa kotshani ukuze kuphakelwe imfuyo lapho edlela khona kungaba isezibayeni noma ama stalls, lokhu kunciphisa umonakala okungenzeka wenziwe infuyo emasimini kuphinde kuqinisekise ukuthi imfuyo zithola ukudla ezikudingayo

Utshani buyomiswa ukuze kuphakelwe imfuyo lokhu kungenziwa ngenkotha, utshani obuthile obuna nolucerne, izindumba, uteff noma izinsalela zezitshalo. Ambhele osthani angenziwa emahaya kusebenziswa umshini osebenza ngezandla owenza amabhele. Olungele abalimi basebancane



Ibhele lika Eragrostis Teff



Ibhele laLucerne

Ukwenza

- LivestockImfuyo
- Indawo esukela ku 0.1 ha kuya ku 1 ha nenzindawo ezingaphezulu kuka 1 ha
- Izindleko eziphakathi, izinsiza zitholakala endaweni
- Labour and knowledge intensi Udinga ulwazi, kuyasebenzisa



SUkuphakelwa kwemfuyo ezibayeni



Izinhlanga zommbila



Umshini wezandla wokwenza amabhele, bebhele lenkotha eliziwe ngawo lomshini



Okusamdumba: Izinhlanga zika ndumbanjane


6.5 UKUSHINTSHANISA AMADLELO

Ukudliwa njalo kothani obumnandi imfuyo kubenza bubentekenteke kuphinde kwenze ukuthi inkotha okuyiyo engalungele ukudliwa imfuyo kube iyo eningi. Ukuze amadlelo akwazi ukukhiqiza ukudla okudingwa imfuyo kubalulekile ukuthi enye inxenye iphunyuzwe ngesikhathi kudliwa ngalowonyaka. Lokhu kwenza ukuthi izitshalo zatshani zikwazi ukugcina imisoco ezimpandeni zazo okwenza utshani bube nomsoco omuningi

Kungakuhle ukuthi inxenye eyodwa kwezine iphunyuze njalo emva kweminyaka emine. Kubalulekile ukuthi abanikazi bemfuyo basebenzisane ukwakakha indlela yokuphumuza amadlelo ngoshintshana kwawo

Ukwenza

- Imfuyo
- Indawo engaphezulu kuka 1ha
- Izindleko eziphakathi, izinsiza zitholakala endaweni
- Udinga ulwazi kanti kunomsebenzi uthe ukuba mningana



Inkotha yasemadelweni edliwe khakhulu ebinakala ngokuthi yonke ibemfushane, nobufakai bokuguguleka (ekuqaleni kwesikhathi sokutshala)



Inkotha ephatheke kahle, enotshani obubomvu bo hlobo lwethemeda triandral) ukukhombiswa imbova enombala obuvu. Utshani busabalele kahle kanti futhi buhlukahlukene

